

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

01/2015 Intshumayelo ngesonto 01 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 30. 11. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe kuZakariya 9:9, lithi: "Bheka, iNkosi yakho iza kuwe."

1. Iculo 36/39
2. Umkhuleko: Nkulunkulu, Nkosi ethandekayo, mawusivuselele ukuba sifunyanwe sesizilungisele ukwamukela iNdodana yakho ngentokozo enkulu, uma iyakuza, size sikhonze kuwe ngezinhliziyi ezigcwebileyo ngayo iNdodana yakho, uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuZakariya 9:9-10;
Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 13:8-14;
Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Luka 1:67-79.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 31/34
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 21:1-9, lithi: "Kwathi ukuba basondele eJerusalema, sebefikile eBetfage ngaseNtabeni yemiNqumo, uJesu wathuma abafundi ababili, wathi kubo: Hambani niye emzaneni obhekene nani, nizakufumana masinyane imbongolo ikhulekiwe nethole linayo; zithukululeni, nizilethe kimi. Uma umuntu esho utho kini, anothi: INkosi iyazidinga; uyakuzithumela masinyane. Kepha lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngumprofethi othi: Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi: Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, imnene, ikhwele embongolweni, yebo etholeni, inkonyane yesilwane esiboshelweyo. Abafundi bahamba, benza njengokuba uJesu ebatshelile, baletha imbongolo nethole, babeka izingubo zabo phezu kwazo, wahlala phezu kwazo. Iningi lesixuku lendlala izingubo zalo endleleni, kepha abanye bagawula amahlamvu emithini, bawendlala endleleni. Izixuku ezazihamba phambili nezazimlandela zamemeza zathi: Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu!" Amen.
8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngesonto lanamuhla elokuqala esikhathini seAdvente kuyaqalwa umnyaka webandla omusha. Ngomnyaka odlule

kwashunyayelwa amazwi, kakhulu amaphistola amiselwe amasonto ngokohlelo lwesithupha olutholakalayo ezihlabelelweni zekerike lakithi. Kulomnyaka omusha kuthathwe futhi amavangeli ohlelo lokuqala aqondene namasonto nemikhosi yomnyaka webandla, noma wekerike. Ngeseluleko sakhe uMartin Luther uyaluleka entshumayelweni yokuqala yencwadi yakhe ngezintshumayelo zamavangeli omnyaka wekerike ukuthi kuqashelwe ngabashumayeli ukuba bashumayele amavangeli amasonto nemikhosi yonke ngokuphawula ngokukhanya okukhulu ukuthi amavangeli asambulelani ngokuthi uJesu ungubani, uJesu usenzeleni nokusilungiselani, nokuthi amavangeli ayaseluleka ukuba siziphathe kanjani, thina esingabantwana bakaNkulunkulu. ULuther uyathatha ngesibonelo sevangeli lesonto lanamuhla, elilanda ngokungena kukaJesu eJerusalema ukuba kubonakale kahle ukuthi uthini ngaleseluleko sakhe. Uyaphendula lombuzo ngokukhanya okukhulu ngokugcizelela lokhu uJesu

- 1. ayikho,
- 2. asenzele khona,
- 3. akufunayo kithi.

1. Ngokwevangeli lesonto lokuqala esikhathini seAdvente uJesu ungubani na? Evangelini lanamuhla sithola impendulo emangalisayo. Siyezwa ukuthi uJesu uthuma abafundi bakhe eBetfage ukuba balande imbongolo nethole layo ezikhona lapho, bazithukulule, bazilethe kuye ngokusho ukuthi iNkosi iyazidinga. Hawu, ungumninizo na? Yebo, unguye. Kuqinisele uJesu uyiNkosi yakho konke, neyakho konke onakho. Esinakho, mina nawe, sikuphathisiwe kuphela ukuba sikusebenzise ukuba siphile ngakho, futhi sisize abanye ngakho nothando oluvela kuMsindisi wethu osithande kangaka. Empeleni simelwe ukulanda ngakho esikwenza ngakho esikuphathisiwe yiNkosi engumnini wakho konke. Okwesibili esikutholayo evangelini yanamuhla ngakho uJesu ayikho kuyiqiniso elikhulu esilambulelwe ngesithembiso sikaNkulunkulu esalotshwa ngumprofethi uSakariya, esagcwaliswa ngokungena kukaJesu eJerusalema egibele imbongolo, esithi: “Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi: Bheka, iNkosi yakho iza kuwe.

Imnene, ikhwele embongolweni, yebo, etholeni, inkonyane yesilwane esiboshelwayo.” UJesu waseNasaretha uyiNkosi yaseJerusalema, unguye ofikile emzini kaNkulunkulu ukuba afeze umsebenzi wokusindisa abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke ngokubafela esiphambanweni, nangokuvuka ekufeni ngosuku lwesithathu. Unguye ozothela uMoya wakhe phezu kwabafundi bakhe ukuba baqale eJerusalema ukushumayela ezizweni zonke ukuphenduka okuyisa ekuthethelelweni egameni lakhe.

2. Okwesibili kungokukhulu impela esikuzwayo ukuthi uJesu uyeza kithi. Ivangeli lithi: Iyeza kuwe. Wafika eJerusalema, kodwa okuqondene nami, nawe, nathi sonke kungukuthi: Iza kuwe. Kuhle ukwazi ukuthi uJesu wazalwa eBethlehema, wafela esiphambanweni eGolegotha, wavuka kwabafuleyo, wathuma abafundi bakhe ukuba babhathize egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, nokubatshelela ukuba bathethelele abakhalela izono zabo izono, nokumisa isidlo somzimba negazi lakhe ukuba abawudlayo, nokuliphuzayo babe nokuthethelele kwezono. Kuhle ukwazi konke lonke, kodwa okudingekayo ngokwempela kimi nakuwe, kithina sonke kungukholwa, nokwethemba ukuthi izele mina, nawe, wafela mina, nawe, walungisela mina nawe ukuphila ngokuvuka kwakhe, mina ngibhathizwe, nawe ubhathizwe, mina ngithethelele izono zami, nawe uthethelele izono zakho, uza kithi ukuhlala enhliziyweni yami, eza kuwe ukuhlala enhliziyweni yakho, sonke siqonde ukuthi uthanda ukwenza konke lokhu ngomusa wakhe omkhulu. Ungumnene, unobubele, unesihe, akathandi ukuba sibhubhe, kodwa sibe nokuphila okuphakade.

3. Uyathanda ukuba simamukele njengalesiyasixuku esamamukela eJerusalema, ngokumdumisa, nangokumcelela impumelelo ekufikeni kwakhe eJerusalema, simcelele ukuba aphumelele ukwenza ngokwenhloso yakhe kithina sonke esizwa izwi lakhe ukuba asikhiphe, angikhiphe mina, akukhiphe wena emandleni okufa, nasemandleni kaSathane, asihlambulule ezonweni zethu, asibumbe ngokwempela ukuba ngakho konke esiyikho, nakho konke esinakho sibe ngabakhe, sikholwe nguye, simethembe, simkhonze, simbonge, sivuselele ukuba sitshele nabanye ukuthi iNkosi emnene, uMsindisi wabantu bonke ifikile ithanda ukwemukelwa yibo bonke. Okukhalisayo yilokho: Kukhona abaningi abavimbayo izindlebe zabo abathandi ukwamukela iNkosi yamakhozi, bavala izinhliziyi ngokumelana nayo. Kwakunjalo khona eJerusalema, mhla engena emzini egibela imbongolo. Noma isixuku esikhulu samamukela ngentokozo nangentumiso enhle, emva kwezinsuku ezithile nje, isixuku esikhulu saseJerusalema kanye nabapristi abakhulu nabaholi abanye babecela uPontio Pilatu ukuba uJesu abethelwe esiphambanweni. Nanumhla abaningi noma uJesu eza kubo ngezwi namasakramente akhe, noma bezwa ngaye, beshunyayezwa ukuthi unguMsindisi wabo, noma bemenywa ngothando nesineke esikhulu, abafuni ukumamukela, bayamdelela, bacabanga ukuthi banendlela engcono ukuzilungisela okwempilo.

Wena ofundayo lentshumayelo, noma oyizwayo mawungamdeleli, umamukele, wazi, ukhumbule ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi yakho, imnene, ithanda ukusiza, ikulungisele ukuphila okuphakade, ithanda ukuba wamukelwe nguYise ukuba ube umntanakhe embhathizweni, ithanda ukuba usondele njalo esibikweni ukuba uthethelele izono zakho egameni likaNkulunkulu uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele, ithanda ukuba uphile ngokudla umzimba wakhe, nokuphuza igazi lakhe, uhlanjululwe ezonweni zakho, uphile

njengomntwana kaNkulunkulu ngokukholwa nokuvuma ukuthi thina namakholwa onke siyathethelelwa kakhulu ngezinsuku zonke izono zethu, umdumise kanye nesixuku saseJerusalema ngokuthi: "Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiswe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu!" Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ngokuba uzambulele kithi ngezwi lakho ukuthi uyiNkosi yamakhosi eza kithi ngezwi namasakramente. Mawusisize ukuba sikwethembe, singangabazi, kodwa siqinisele ekukholweni ukuthi uyiNkosi noMsindisi wethu nabantu bonke. Sicelela bonke abangakakwamukeli ukuba nabo badonswe nguwe ukuba nabo emkhosini wokukhumbula ukuzalwa kwakho badumise kanye nathi nezingelosi igama lakho. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 33/36

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2008/2014 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.